
**NguMongameli uThomas S. Monson**



# Yenza Isikhathi soMsindisi

Esinye isikhathi sikaKhisimusi sesifikile futhi nonyaka omusha ususondele. Kungathi bekuyizolo nje sijabulela ukuzalwa koMsindisi futhi sibeka izinqumo zethu.

Kwezinye zezinqumo zethu zalonyaka, sike saphumelela ukwenza isikhathi ezimpilweni zethu kanye nendawo yoMsindisi ezinhlizweni zethu na? Ngisho kuthiwa sesiphumelele kangakanani kuze kufike manje ngalesosinqumo, nginesiqiniseko sokuthi sonke sifisa ukwenza kanconywana. Kulesikhathi saloKhisimusi isikhathi esihle kakhulu sokubukisisa futhi senzekabusha imizamo yethu.

Ezimpilweni zethu ezimatasatasa, kanye nezinto eziningi ezifuna ukunakwa, kubaluleke kakhulu ukuba senze imizamo enenqondo, sizinikele ukuletha uKristu ezimpilweni zethu kanye nasemakhaya ethu. Futhi kubaluleke kakhulu ukuthi thina, njengaMadoda aHlakaniphile aphuma eMpumalanga, sihlezi sibheke kuphela kwinkanyezi Yakhe futhi "size sizokhonza yena."[1]

Kusukela phansi kwizizukulwane esikhathini, umlayezo ophuma kuJesu uhlezi ufana. KuPeter kanye noAndrew osebeni lomfula waseGalile, Wathi, "Ngilandeleni"[2] KuFiliphu kweza ubizo oluthi, "Ngilandele".[3] KumaLevite ayehlezi kumasiko kweza umyalo, "Ngilandeleni."[4] Manje kuwena kanye nakimi, uma nje singalalela, kuzoza lesosimemo esinentshisekelo: "Ngilandele."[5]

Njengoba silandela ezinyathelweni Zakhe namuhla futhi silandela isibonelo Sakhe, sizoba namathuba okubusisa izimpilo zabanye. UJesu usimema ukuba sizinikele thina uqobo: "Qaphela, iNkosi ifuna inhliziyo kanye nengqondo efisayo."[6]

Ingabe kukhona umuntu okumele umsize kuloKhisimusi na? Ingabe kukhona umuntu omele ukuvakashelwa nguwe?

Eminyakeni edlulileyo ngoKhisimusi ngavakashela ikhaya lomfelokazi owayesekhulile. Ngenkathi ngilapho, kwakhala umsindo emnyango. Lapho emnyango kwakume umlaphi owayematasa kakhulu futhi ebukeka elungile. Wayengabiziwe; kepha, wayezwe ugqozu lokuba aze ukuzovakashela isiguli esisele sisodwa.

Ngalesikhathi sonyaka, izinhliziyo zalabo ababophekile ziyamemeza futhi zifisa ukuvakashelwa ngoKhisimuzi. Ngomunye uKhisimusi ngesikhathii ngivakashele indawo yokunakekela, ngahlala phansi ngakhuluma kanye namakhosikazi amahlanu akhulile, owaye mdala kunabo bonke wayeneminyaka eyi101. Wayengaboni, kepha wakwazi ukuzwa izwi lami.

"Bhishophu, awuzange wafika ngesikhathi kulo nyaka!" wakhuluma. "Bengicabanga ukuthi ngeke uze ufike."

Saba nesikhathi esimnandi kakhulu sindawonye. Esinye isiguli, kusenjalo, sasibheke ngaphandle kwefasitela futhi siphindaphinda,"Ngiyazi ukuthi umfana wami uzoza ukuzongibona namuhla." Ngacabanga ukuthi uzoza ngempela yini na, ngoba kwakunezinye izikhathi zikaKhisimusi lapho angazange ashaya nocingo.

Kunesikhathi kulonyaka sokuba usize omunye, ukhombise inhliziyo yothando, kanye nomoya ofisayo—ngamanye amazwi, ukuba silandela isibonelo esenziwa nguMsindisi wethu futhi sisize ngendlela Naye afisa sisize ngayo Njengoba sisiza Yena, ngeke sahlukana kanye nethuba lethu, njengoba ababe gcinile bakudala benza njalo,[7] ukwenza isikhathi Sakhe ezimpilweni zethu futhi sibeke indawo Yakhe ezinhliziyweni zethu.

Singakwazi ukuzwisisa ubukhulu besithembiso esiqukethwe kulomlayezo wengelosi esanikezwa umelusi ohlala endle: "Nginilethela izindaba ezimnandi nenjabulo enkulu. . . . Kini kuzelwe namuhla . . . uMsindisi, loyo unguKristu iNkosi"?[8]

Njengoba siphana izipho ngoKhisimuzi, sengathi singakhumbula, simbonge, futhi sithole leso sipho esikhulu kunazo zonke izipho—isipho soMsindisi wethu kanye noMkhululi wethu, ukuze sithole impilo yangunaphakade.

"Uzuzani umuntu uma ebekelwe isipho, kepha angasitholi lesosipho? Qaphela, yena akajabuli kulokho anikezwa kona, futhi nakuloyo ongumuphi wesipho akajabuli."[9]

Make silandele Yena, simsebenzele, simhloniphe, futhi samukele isipho Sakhe ezimpilweni zethu, ukuze sibe, ngamazwi kababa uLehi, "sizungezwe ingunaphakade ngezandla zakhe ezinothando."[10]

**UMBHALO**

1. uMatewu 2:2.
2. uMatewu 4:19.
3. uJohane1:43.
4. uMatewu 9:9.
5. Imfundiso kanye neZivumelwano 38:22.
6. Imfundiso kanye neZivumelwano 59:7, 21.
7. Bheka uLuka2:7.
8. uLuka2:10–11.
9. Imfundiso kanye neZivumelwano 88:33.
10. 2 Nifayi1:15.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

UMongameli uMonson usitshela ukuthi "senze umzamo onengqondo, sizimisele nokuletha uKristu ezimpilweni zethu kanye nasemakhaya ethu." Cabanga ngokuxoxisana kanye nalabo obavakashelayo ukuba bangenza kanjani ukwenza lomzamo onengqondo ngamunye futhi bawenze njengomndeni. Ungacabanga ngokubabuza ukuba bacabange ngomuntu othize noma umndeni lowo abangawuvakashela noma bawusize kuloKhisimusi. "Isikhathi sisekhona kulonyaka ukuba usize umuntu, inhliziyo enothando, kanye nomoya ovumayo."

## INTSHA

### Izindlela Zokusiza ngesikhathi sikaKhisimuzi

UMongameli uMonson uzinika isikhathi sokuvakashela asebekhulile kanye nalabo abahlala ezindaweni zokunakekelwa, ikakhulukazi ngesikhathi sikaKhisimusi. Wabona ukuthi kukhona labo abajabulile ngenxa yokuba babevakashelwa, ngenkathi abanye bethembe nje izivakashi ezingakaze zifike. Kunabantu abalinde omunye omuntu—mhlawumbe kuloKhisimusi *wena* ungaba yilowo muntu.

Lezi ezinye zezindlela ezimbalwa ongasiza ngokuqinisekisa ukuthi akukho muntu ozizwa eyedwa kuloKhisimusi. Khululeka ngokucabanga ezinye izindlela ongasiza ngazo umphakathi wakho ngalesikhathi. "Ingabe ukhona umuntu omele ukuvakashelwa nguwe?"

- Yenza amakhadi kaKhisimuzi uwathumele kubafundisi bezenkolo kanye nakumalungu ebandla noma igatsha labantu abangashadile kanye nasebekhulile.
- Zinikele kwinhlangano yomphakathi oseduze nawe.
- Nikeza abangani kanye nomakhelwane bakho amakhophi eNcwadi kaMomoni njengesipho sikaKhisimusi.
- Vakashela abantu abadala kwibandla noma kumndeni wakho.
- Enza izidlo ezimnandi uzihambise koma khelwane bakho.

## IZINGANE

### Landela ukuKhanya

Emva kokuzalwa kukaJesu, Amadoda Ahlakaniphile Amlethela izipho. Balandela inkanyezi entsha, inkanyezi eyayigqamile esibhakabhakeni ukuze bakwazi ukumthola Yena. Yiziphi izipho ongazinikeza uJesu kuloKhisimusi?

© 2015 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke Amalungelo agciniwe. Kushicilelwe e-USA Isingisi esivunyelwe: 6/15. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/15.
Ukuhumusha ko *First Presidency Message, December 2015.* Zulu. 12592 783

# Izibonakaliso Ezingcwele zikaJesu Kristu: Onozwelo kanye Nomusa

Ukholo Umndeni Inkululeko

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuqonda impilo kanye nezindima zikaMsindisi kuzokhulisa kanjani ukholo lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha? Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku* ***reliefsociety.lds.org****.*

*Lena yingxenye yeMilayezo yokuFundisa ngokuVakasha elandelanayo ephathelene nezibonakaliso ezingcwele zoMsindisi.*

"Ezincwadini ezingcwele, uzwelo lusho ukuthi 'ukuhlupheka nomunye.' Futhi lusho ukukhombisa ukudabuka, ukuhawukela, futhi nokuxolela omunye."[1]

"UJesu usinikeze izibonelo eziningi zokuba nozwelo," kusho uMongameli Thomas S. uMonson. "Indoda ekhubazekile eduzane namanzi aseBhetesda; owesimame owathathwa ngokuba wayephingile; owesimame endaweni kaJakobe yokukha amanzi; indodakazi kaJariyasi; uLazaro, umfowabo kaMariya kanye noMata—ngakunye kumele ukulimala emgwaqweni uJerikho. Bonke babedinga usizo.

"Kulona owayekhubazekile waseBhetesda, uJesu wathi, 'Sukuma, uthathe umbhede wakho, uhambe.' Kulona owesifazane owayeyisoni wathola ukuyalwa, 'Hamba, futhi ungaphinde wone.' Ukusiza loyo owayezokha amanzi, Wamunikeza indawo yokukha amanzi 'ethelela empilweni engunaphakade.' Kwindodakazi kaJariyasi kwafika umyalo, 'Ntombazane, Ngithi kuwena, vuka.' KuLazaro owayephakathi ethuneni, 'Sondela phambili.'

UMsindisi kade ehlezi ekhombisa uzwelo olukhulu olungapheliyo. . . . Make sivule umnyango wezinhliziyo zethu, ukuze Loyo—oyisibonelo sozwelo lweqiniso—angangena."[2]

## *Eminye imiBhalo eNgcwele*

AmaHubo145:8; uZakhariya 7:9; 1 uPetru 3:8; uMosiya 15:1, 9; 3 uNefi 17:5–7

## *Kuvela embhalweni Ongcwele*

"Mina kanye nomkhwenyana wami saguqa eduzane nendodakazi yethu eneminyaka eyi 17 ubudala sicelela impilo yayo,"kusho uLinda S. Reeves, ikhansela lesibili kubumongameli jikelele kwiNhlangano Yabesimame Yenkululeko. "Impendulo yaba ngu cha, kepha. . . . sithole ulwazi . . . lokuthi . . . [uMsindisi] uzwa uzwelo ngesikhathi sizwa ubuhlungu"[3]

"Enye yezindaba engizikhonzile zempilo yoMsindisi indaba kaLazaro. Izincwadi ezingcwele ziyasitshela ukuthi ' uJesu wayethanda uMata, . . . udadewabo [kaMariya], kanye [nomfowabo] uLazaro.'"[4] Ngesikhathi uLazaro efikelwa ukugula, udaba lathunyelelwa kuJesu, kepha ngesikhathi afika ngaso, uLazaro ubeseshonile. UMariya wagijimela uJesu, wawela phansi ezinyaweni Zakhe , ekhala. Ngesikhathi uJesu ebona uMariya ekhala, "wathukuthela ngokomoya, . . . wakhala" (Johane 11:33, 35).

"Lokho kuwumsebenzi wethu. Kumele sizwe futhi sizibonele ngokwethu bese sisiza bonke abantwana bakaBaba oseZulwini ukuze sibone futhi sazi ukuthi uMsindisi wethu akathathanga nje izono zethu Kuyena kepha kanye nezinhlungu zethu futhi nokudabuka kwethu kanye nobunzima ukuze Yena azi ukuthi sizizwa kanjani bese ekwazi ukusiduduza."[5]

**AMANOTHI**

1. Inkomba kwimiBhalo eNgcwele, "Uzwelo."
2. uThomas S. Monson, "Isipho soZwelo," *iLiahona,* Mas. 2007, 4–5, 8.
3. uLinda S. Reeves, "iNkosi Ayikukhohliwe," *iLiahona,* Nov. 2012, 120.
4. uLinda S. Reeves, "iNkosi Ayikukhohliwe," *iLiahona*, Nov. 2012, 118.
5. uLinda S. Reeves, "iNkosi Ayikukhohliwe," *iLiahona*, Nov. 2012, 120.

### *Cabanga Ngalokhu*

Ubani ongabusiseka ngozwelo lwakho?

© 2015 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke Amalungelo agciniwe Kushicilelwe e-USA Isingisi esivunyelwe: 6/15. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/15. Ukuhumusha ko *Visiting Teaching Message, December 2015.* Zulu. 12592 783